

UKUHLANGANISWA KWAMABHUKU (INHLOLOSIMOZIMALI) KWESIKHASHANA KOMQASHI

17 kuMandulo 2018 – Ukuthunyelwa (kweNhlolosimozimali) kokuHlanganiswa kwamaBhuku kwesiKhashana koMqashi

Isikhathi sokuthumela (iNhlolosimozimali) ukuHlanganiswa kwamaBhuku kwesiKhashana koMqashi sesivuliwe kusukela mhla ziyi-17 kuMandulo kuze kube mhla zingama-31 kuMfumu 2018. Ngesikhathi sokuthunyelwa (kweNhlolosimozimali) kokuHlanganiswa kwamaBhuku kwesiKhashana koMqashi, abaqashi kudingeka ukuba bathumele isiDaluli (seNhlolosimozimali) sokuHlanganiswa kwamabhuku koMqashi (EMP501) kanye nesiTifiketi seNtela yemali engenayo yoMqashwa [IRP5/IT3(a)] kwesikhathi sezinyanga eziyisithupha – umhla lu-1 kuNdasa kuya kumhla zingama-31 kuNcwaba 2018. Umqashwa kumelwe anikwe ama-IRP5/IT3 kwesikhashana, ngaphandle uma kuyisitifiketi sokugcina (lapho umqashwa eseshiyile emsebenzini ngaphansi komqashi lowo noma umqashi eyekile ukuba umqashi mhla noma ngaphambi komhla zingama-31 kuNcwaba 2018.)

Izinguquko ezenziwe zibandakanya lokhu:

- **UkuChitshiyelwa koMthethonqubo woMhlomulo weNtela yabaQashi (ETI) kuzoqala ukusebenza kusukela mhla lu-1 kuNcwaba 2018**
Imikhawulo yeminyaka yobudala okugcina kuyo kubaqashwa abafanele ukuthola uMhlomulo weNtela yabaQashi (ETI) ayisebenzi kubaqashi Abasezingeni Elikhethekile kwezoMnotho (SEZ). Kusukela mhla lu-1 kuNcwaba 2018, umqashi ofanele osebenzela endaweni eyodwa engena ngaphansi kwe-SEZ angafaka isicelo sokukhokhelwa uMhlomulo weNtela yabaQashi (ETI) kubaqashwa abangaphansi kweminyaka eyi-18 kanye nalabo abaneminyaka yobudala engaphezulu kwengama-29, uma laba baqashwa besebenzela umqashi ofanele kakhulu ku-SEZ. Ukuphasiswa kwe-ETI ebalwa nyanga zonke (ikhodi 7004) yachitshiyelwa ukuze kuhlinzekelwe inzuzo ye-SEZ.
- Ama-SEZ akhethiwe yilawa alandelayo:
 - Coega
 - Dube Trade Port
 - East London
 - Maluthi-A-Phofung
 - Saldanha Bay
 - Richards Bay
- **Amakhodi Amasha Omthombo Wemali engenayo eSigaba 10(1)(qA) 3829/3879, 3830/3880, 3831/3881 and 3832/3882**
Lawa makhodi omthombo wemali engenayo amayelana nokunyuka komkhawulo, ekuxolelweni komqashi ohlinzeke imifundaze kubafundi abaphila nokukhubazeka:
 - 3829/3879 – Imifundaze noma Isibonelelo sabaFundi esibanjelwa intela okuya kumuntu ophila nokukhubazeka – Imfundo eyiSisekelo (PAYE).
 - 3830/3880 – Imifundaze noma Isibonelelo sabaFundi esingabanjelwa intela okuya kumuntu ophila nokukhubazeka – Imfundo eyiSisekelo (Excl).
 - 3831/3881 – Imifundaze noma Isibonelelo sabaFundi esibanjelwa intela okuya kumuntu ophila nokukhubazeka – Imfundo Ephakeme/Ukuqhubeka nokuFunda (PAYE).
 - 3832/3882 – Imifundaze noma Isibonelelo sabaFundi esingabanjelwa intela okuya kumuntu ophila nokukhubazeka – Imfundo Ephakeme/Ukuqhubeka nokuFunda (Excl).
- **Amakhodi Amasha Emithombo 3723/3773**
Ikhodi entsha yomthombo 3723/3773 – Imivuzo engaxoleliwe okuhlinzekelayo (kk) isigaba 10(1)(k)(i) (PAYE).
- **Amakhodi Amasha Omthombo 3722/3772**
Ikhodi entsha yomthombo 3722/3772 – Imali yokuhamba Ebuyuselwayo (PAYE), lapho isilinganisomali esibuyiselwayo singaphezulu kwesilinganisomali esibekiwe sengxenye engaphezulu kwesilinganisomali esibekiwe, iphindaphindwe ngamakhilomitha alolo hambo.
- **Indima 1, Indima (cA) kanye neNdima entsha (cC) yeSheduli yesiNe: Incazelo yenkokhelo**
Lincazelo zamakhodi alandelayo zachitshiyelwa:
 - 3702/3752 – Imali yokuhamba Ebuyuselwayo (IT), lapho isilinganisomali esibuyiselwayo singaphezulu kwesilinganisomali esibekiwe sengxenye engekho ngaphezulu kwesilinganisomali esibekiwe, iphindaphindwe ngamakhilomitha alolo hambo.
 - 3703/3753 – Imali yokuhamba Ebuyuselwayo (Excl), lapho isilinganisomali esibuyiselwayo singekho ngaphezulu kwesilinganisomali esibekiwe.

- **Ikhodi entsha yomthombo wokuDluliselwa kwenzuzo yoMhlalaphansi**
Ikhodi entsha yomthombo 3924 emayelana “nokuDluliselwa koMhlalaphansi (PAYE)”, ngeminyaka noma emva kweminyaka ejwayelekile yokuthatha umhlalaphansi, njengoba sichaziwe emithethweni yesikhwama, kodwa ngaphambi kokuba kufakwe usuku lokuthatha umhlalaphansi.
- **Ukuphatha okuthuthukisiwe (seNhlolosimozimali) kokuthunyelwa kokuhlanganiswa kwamabhuku komqashi**
Ifomu lokuDalula (seNhlolosimozimali) ukuhlanganiswa kwamabhuku komqashi (EMP501) kwenziwa ngcono izinqubo zokucela ukwabelwa kuqala nokulinganisa, kwabe sekwethulwa indlela yokumisa (iNhlolosimozimali) ukuhlanganiswa kwamabhuku komqashi i-EMP501, lapho okwashintshwa khona izikweletusibopho ngokukhula kwesilinganiso esabekwa ngaphambili sokuhlolwa konyaka.
- **Okunye okwenziwe ukuthuthukisa ukuthobela kwabakhokhintela:**
 - Ukuthuthukiswa kwenqubo yokuDalula ukuSuswa kwesiTifiketi seNtela ku- e@syFile EmployerTM
 - Ukusetshenziswa kwezinqubo ezikhethekile ukulawula izimo lapho izinqubo ezikhona manje zingeki zikwazi ukusetshenziswa
 - Ukuthuthukiswa komsebenzi Obukeziwe wokuDalula (Ukudalula kwanyanga zonke koMqashi – EMP201)
 - Inani elikhona loMhlomulo weNtela yabaQashi uzokwabiwa ngaphambili.
 - Abaqashi bangavuselela imininingwane yabo ye-EMP201 uma sekuxazululiwe ukungathobeli obekukhona bese bekwazi ukufaka isicelo sokukhokhelwa uMhlomulo weNtela yabaQashi (ETI) ngenyanga.
- **Ukuthobela iNtela yabaSebenzi (PAYE, SDL kanye ne-UIF)**
Ukuze ugweme ukuzithola sekumele uhlawule, qinisekisa ukuthi uyalithumela ifomu lakho lokudalula ungakadluli umhla zingama-31 kuMfumfu 2018.

Sicela uqaphele: Amafomu okuDalula oMqashi anyanga zonke (EMP201) kanye nezinkokhelo kumele kuthunyelwe kwa-SARS mhla ziyi-7 enyangeni ngayinye. Ezimweni lapho umhla ziyi-7 ungeholide, ungoMgqibelo noma ungeSonto, usuku lokugcina lokuthumela kuba usuku lokugcina lokusebenza olungaphambi komhla ziyi-7. Uma ukhokha, qinisekisa ukuthi usebenzisa iNombolo yeReferensi Yokukhokha (PRN) ukuze imali ekhokhiwe izokwabiwa ngendlela efanele.